614 Education & Training

TEACHERS
Do you need to upgrade from M+3 TO M+4?

The University of KwaZulu Natal's ACE: Technology Education is a way forward. Phone 031-2603593 between 14:30 and 16:00 weekdays for more information.

Applications close on 30 November. 031-2603593

TRAINING DRIVER OPERATORS
- Forklift
- TLB
- Excavator

076 8130005 Pinetown

620 General

FREE Computer Course R300. Office Admin R500. Cashier R300 @ Hi-Tech 351 West Str Salisbury Centre 10th Flr. Tel 031-3041280.

INTUITION COMPUTER COLLEGE
Mahala Izifundo ze-Computer MS Office. Kubhaliswa ngo R180 kuphela. Commercial City, 18th Flr, 40 Commercial Road, Durban, ☎ 031-3062079. 8th Flr PMB - 230 Church Str, ☎ 033- 3945711/19 or 033- 3945157.

INTUITION COMPUTER COLLEGE
Funda ukukhuluma isiNgisi uthole nezifundo zamahhala zeComputer. Commercial City, 18th Flr, 40 Commercial Road, Durban, 031-3062079. Road 230 Church Str. 1st flr Adams Book store PMB. ☎ 033-3945711/9

JOBS Available at Gateway and North Beach. Come to Milky Lane North Beach between 8am till 12pm. Bring CV ☎083 786 1112

MICROLENDING Agents wanted. ☎031 301 0002/ 0782725980

REGISTRATION NOW OPEN
For Gr. 12.
(Old & New syllabus)
Intuition College:
PMB: 033-3945711
Durban: 031-3062079

INDEPENDENT NEWSPAPERS KWAZULU NATAL

SCOOTER DRIVER
Position available immediately for a licensed scooter driver for door to door newspaper deliveries. Must have a valid Code A/A1 scooter license including references and good knowledge of the Durban geography. The ability to work independently and have good communication skills both verbal and written. If you meet the above requirements and would like to be part of this team, please forward a comprehensive CV listing relevant experience to: verona.naidoo@inl.co.za or fax: 086 2629 297 quoting the vacancy title in the subject line.

631 Overseas Opportunities

SECURITY Officers / Drivers req Overseas. 011-3915660/011 3913633

632 Part-time

EARN R500 - R5 000. Sell MiniGeza (world's first portable geyser) www.minigeza.com SMS your postal address to: 083 9541910

638 Sales

HEALTHCARE COMPANY
Seeks Sales Consultants living in the PMB area
- Own Vehicle
- Available immed
- Full training given

Beginning Package starting from R9650 + high commission + bonuses
For interview call 033-3860426 / sms (normal rates apply)Name, Age & Contact details to 084-5204385 or 084-5131301

640 Security

A-E Training at Dynamic Security EDC - R500 CIT / AR-R550 Firearm R900. Self study. Job assist. 508 Smith St ☎ 031-3069880.

640 Security

EYABANTU Security EDC R500. Firearm course from R950. Self Study & Job assist avail. Cnr West / Field St. ☎ 031-3040360 / Richards Bay 035-7891538.

SAHARA Firearm Training SAPS No: 4000698 competency and hand gun training for Security Officers R950. 16th Floor Commercial City, Dbn. Tel 031-3010449 / 0844505240.

CHILD WELFARE
Durban and District
SUPPORT US TO PROTECT CHILDREN AT RISK
Please give to
CHILD WELFARE
Durban and District,
20 Clarence Road, Greyville 4023
031 312 9313

711 Public Notices

KwaZulu-Natal Gaming & Betting Board

KWAZULU-NATAL GAMING AND BETTING BOARD
PUBLIC HEARINGS FOR APPLICATIONS

1. In terms of Regulation 21 of the KwaZulu-Natal Gaming and Betting Act, 2010 (Act No. 08 of 2010), notice is hereby given that a public hearing for the undermentioned applicants will be held on **Monday: 03 December 2012 at the Hilton Hotel, Walnut Road, Durban, at 09:h00.**

APPLICANT	ADDRESS	APPLICANT
Gold Circle (Pty) Ltd	150 Avondale Road, Greyville, Durban	1. Racecourse Operator Licence: • Clairwood Turf Club • Durban Turf Club • Pietermaritzburg Turf Club 2. Totalisator Licence 3. Bookmaker Licence
Trotco (Pty) Ltd	Dundee Airfield Racetrack, Victoria Street Extension, Dundee	1. Racecourse Operator Licence • Harness Racing Association of South Africa Turf Club 2. Totalisator Licence

KwaZulu-Natal Gaming & Betting Board

IBHODI YEZOKUGEMBULA YAKWAZULU-NATALI
ISAZISO NGESICELO ESAMUKELIWE SESIQINISEKO SOKULUNGELA UKWENZA IMISEBENZI EZINDAWENI ZOKUGEMBULA

1. Ngokwezinhlinzeko zesigaba 14 semithesheni ethishwe ngegazini lesigaba 146 soMthetho wezokuGembula waKwaZulu-Natali ka2010 (uMthetho No 08 ka 2010), lapha kubhishwa isaziso ngesicelo esamukeliwe sesiqiniseko sokulungela ukwenza imisebenzi ezindaweni zokugembula esisuka kumaini i weminingwane ebaluwe ngezansi:

APPLICANT	ADDRESS
1. Dementor Security & Surveillance CC	04 Beves Avenue, Pierre Van Ryneveld, Centurion, Isifundazwe sase Gauteng

2. Ukuzbhlolwa kwesicelo ngezaphakathi
Lesi sicelo esibalulwe ngenhla, kuye ngokuhambisana nanoma ysiphi isinqumo seBhodi esiphikisayo ngokwezinhlinzeko zesigaba 34 soMthetho wezokuGembula waKwaZulu-Natali ka2010 (uMthetho No. 08 ka 2010), kicelo sizekwazi ukubonwa ngumphakathi emahhovisi eBhodi laleli kheli elibhalwe ngezansi esikhathini esisolela kumsha zinga 14 kza Lwezi 2012 kanya mhla zinga 21 Ku Zibandlela 2012.
The KZN Gaming & Betting Board, Ground Floor (South Tower), Room G135, Natalia Building, 330 Langalibalele Street, PIETERMARITZBURG, 3201
3. Isiteeme sokwenza izethulo
Abantu abanentshisekelo bayamenywa ukuba benze izethulo kungalakdlali mhla zingama zinga 21 ku Zibandlela 2012 ngaphambi kwebera lesine ntaenbama. Izethulo kufanele zibhalwe futhi zibe nale mininingwane elandelayo:
(a) Igama lomfakisicelo izethulo eziqondene naye;
(b) Izizathu Izethulo ezenziwa ngaphansi kwazo;
(c) Igama, itheli kanye nenombolo yodingo yomuntu oletha izethulo; kanye;
(d) Nokubalula ukuthi umuntu owenza izethulo afisa ukwenza izethulo ngomlomo uma IBhodi isilalela isicelo.

Noma iziphi Izethulo ezingaluqukethe lonke lolu lwazi olubalulwe endimeni 3 ngenhla zizothathwa ngokuthi azikaze zethulwe kwiBhodi futhi iBhodi angeke izicubungule.

Izethulo kufanele zithunyelwe ku: The Chief Executive Officer, KwaZulu-Natal Gaming and Betting Board, Private Bag X9102, PIETERMARITZBURG, 3200 noma zithunyelwe ngesikhalamezi kule nombolo: (033) 3427853

OMOA14443983

KwaZulu-Natal Gaming & Betting Board

IBHODI YEZOKUGEMBULA YAKWAZULU-NATALI
ISAZISO NGESIGCAWU SOKULALELWA KWEZICELO EZAMUKELIWE

1. Ngokomthethonqubo 21 wezokuGembula waKwaZulu-Natali, (uMthetho No. 08 ka 2010), ngalokhu lapha kunikezelwa isaziso sokuthi inkundla yomphakathi yezicelo ezilandelayo izobanjwa **ngoMsombuluko zingu - 03 kuZibandlela 2012, eHilton Hotel, ku 214 Walnut Road, Durban, ngo 09h00.**

UMFAKISICELO	IDILESI	ISICELO
Gold Circle (Pty) Ltd	150 Avondale Road, Greyville, Durban	1. Racecourse Operator Licence: • Clairwood Turf Club • Durban Turf Club • Pietermaritzburg Turf Club 2. Totalisator Licence 3. Bookmaker Licence
Trotco (Pty) Ld	Dundee Airfield Racetrack, Victoria Street Extension, Dundee	1. Racecourse Operator Licence • Harness Racing Association of South Africa Turf Club 2. Totalisator Licence

ISAZISO SOKUHLOLA UMTHELELA WEMVELO
(NEAS Ref No: DEA/EIA/0000586/2011) (DEA Ref. No: 12/12/20/2468)

Kukhishwa isaziso ngaphansi koMgomo 56 Wesaziso sikaHulumeni (GN) No. R. 543 sangomhlaka 18 June 2010, ngokoMthetho Wokuphatha Kwemvelo Kazwelonke, ka-1998 (uMthetho 107 ka-1998), njengoba kuchitshiyelwe neMithetho yokuHlola Umthelela Wemvelo (2010).

UKUHLONGOZWA KOMKLAMO NENDAWO:
Umnyango wezamanzi (DWA) uhlongoza ukwakhiwa kwedamu lokulondoloza amanzi ngasemfuleni iNcwabeni noma Umfula iGugamela, okuyimithelela yomfula uMzimkhulu yomibili, ukuze izohlinzekela ngezidingo zamanzi zoMzimkhulu Regional Water Supply Scheme.

Ezinye izindawo zedamu zisendaweni emaphakathi ne KwaZulu Natali, ecishe ibe ngamakhilomitha angama-20 eNyakatho-Ntshonalanga ye-Port Shepstone, futhi zisendaweni esondelene nomngcele weWadi 1 likaMasipala Wasekhaya Umzumbe. Incazelo yesakhiwo ichazwe ngalendlela elandelayo: Alexander Native Location No. 6, Inombolo yePulazi 16462.

UKUBUYEKEZWA KOMBIKO WE- DRAFT EIA:
Umbiko we- Draft EIA uzomiswa ukuze ubuyekezwe ngumphakathi kulezi zindawo ezilandelayo kusukela ngomhla zi-19 kuLwezi- 15 Mansingane 2013:

Indawo:	Ikheli	Inombolo yocingo:
Port Shepstone Library	10 Conner Street Port Shepstone	039 688 2061
Ugu District Municipality Offices	96 Marine Drive, Oslo Beach, Port Shepstone	039 688 5700
Umzumbe Local Municipality	Mathulini Tribal Authority Sipofu Road	039 972 0005

Umbiko we- Draft EIA ungatholakala ngokuwukhipha ku-wesite yomklamo *(www.ncwabeniocsdam.co.za)*.

UMHLANGANO WOMPHAKATHI WOKUNIKEZELA NGOMBIKO WE- DRAFT EIA:
Umhlangano womphakathi olandelayo uzobanjelwa ukunikezela ngoMbiko weDraft EIA:
Usuku: 22 kuLwezi 2012
Isikhathi: 14h00 – 16h00
Indawo: Ugu District Municipality Offices, 96 Marine Drive, Oslo Beach, Port Shepstone

UMUNTU OXHUMANA NAYE / UMXHUMANISI WOKUHLOLA EZEMVELO:
Umuntu Oxhumana naye: *Donavan Henning*
Ucingo: *(011) 781 1730*
Ifeksi: *(011) 781 1731*
I-Imeyili: *donavanh@nemai.co.za*
Ikheli Leposi: *PO Box 1673, Sunninghill, 2157*
I-Website yomklamo: *www.ncwabeniocsdam.co.za*

Bengingenza kangcono: Buthelezi

ZAKHELE XABA

UGIDEON "Hardcore" Buthelezi okusale kunezikhalo zokwenzelela ngesikhathi enqoba ibhande le-IBO Junior Bantamweight ngempelasonto uyavuma ukuthi akenzanga okwanele ukunqoba ngokucacile.

UButhelezi wehlule u-Edren Dapudong wasePhilippines ngamaphuzu e-Emperors Palace ngoMgqibelo ebusuku ukunqoba leli bhande lomhlaba emuva konyaka agcina ukungena eringini. Nokho indlela ebezimnetha ngayo uButhelezi, cishe wonke umuntu ubambe ongezansi ngesikhathi amajaji amabili impi eyinika yena ngamaphuzu enqoba ngo 115-112, 113-114 no 115-113. Le mpi ibingenye yezihlelwe yiGolden Gloves Promotions (GGP) kaRodney Berman ebeziholwa ngeyamanqamu yeNashua Cruiserweight Super 8.

UDapudong ubenza okujwayelekile kubashayisibhakela basePhilippines abajijimeza isitha kusukela impi iqala ize iyophela.

"Ngiyavuma ukuthi akulona izinga lami engilikhombisile futhi bengingenza okungcono kuleya mpi kodwa ngeke ngibavimbe abangigxekayo. Ngeke ngiyishintshe imiqondo yabo," kusho uButhelezi obelokhu agcina ukulwa ngoSepthemba nyankenye elwela isicoco seWBC empini ehlulwa kuyo ngu-Adrian Hernandez waseMexico ekuhambeni. Ngokwehlulwa lapha walahlekelwa nayibhande le-IBO Light Flyweight ayeqala ukulivikela emuva kokuliwina ehlula uHekkie "Hexecutioner" Budler ngoJanuwari.

"Cha yena (Dapudong) ubeshaya futhi kunamaphutha nami engiwenzile. Bengizitshela ukuthi ngizokwazi ukubuya ngezinga eliphezulu emuva konyaka ngagcina ukungena eringini kodwa ngibonile ukuthi ukuhlala isikhathi eside kungibulele. Ngisho nokuzethemba bekuphansi."

UButhelezi ubuya ngempi yesicoco nje, ubesephenduke umtshingo ubethwa ngubani emuva kokulaxazwa ngowayengumqeqeshi wakhe u-Elias Tshabalala. Lokho kwamenza waqhelelana noBerman ngoba engazi ukuthi lesi sikhulu saxabana noTshabalala. Nokho emuva kokuyoxoxa naye, ugixabezwe ngethuba lokuba ngumpetha womhlaba. Umsebenzi omsalele manje ukukhombisa abantu ukuthi akaphelile esibhakeleni.

"Kuzobonakala uGideon owaziwayo uma sengivikela isicoco. Ngizosebenza kanzima, okuningi okwenzeke empilweni yami sengikudlulisile," kusho uButhelezi

Leli bhokisa linqobe lesi sicoco ebesingaphethwe muntu lizoziqokela imbangi elizosivikela kuyo nokulindeleke ukuthi kube ngonyaka ozayo.



UGIDEON Buthelezi osanda kunqoba empini ye-IBO Junior Bantamweight obise-Emperors Palace, eGoli ngempelasonto
Isithombe: GALLO IMAGES'

ISobantu ifuna ukukhonya

MALIBONGWE MDLETSHE

IFUNA ikuba ngamakhosi aseMgungundlovu, iSobantu Shooting Stars, engelinye la maqembu amane aseMphithi adlala kwiSafa KwaZulu-Natal Second Division.

ISobantu, ecijwa nguBha Mpisi noHappy Zulu, iyizimbangi ezinkulu zeMaritzburg City ecijwa ngu-Andlie "Sguda" Cele. Umdlalo phakathi kwala maqembu uya ngokuya ufaniswa noweKaizer Chiefs ne-Orlando Pirates.

KuSecond Division asejoyinwe ngomafikizolo bangakubo iBrazil, enqobe iSafa KZN SAB Regional League ngesizini edlule, neKings United ethenge ubulungu be-African Wanderers.

Phezu kokuba esemane amaqembu eMphithi kodwa umqondisi weSobantu, uJabulani Radebe, uthe bafuna kuphele le sizini beyizingqwele zaseMphithi.

"Angifuni ukuthi ngikhulumise komuntu ongalazi ibhola noma ngithi sesifuna ukuba wompetha baseMgungundlovu kodwa umuntu oyilandela kahle iPromotional League, uzokutshela ukuthi iyahluleka ukusishaya iMaritzburg. Laba abafikayo asibabukeli phansi kodwa sesibadala kulesi sigaba ngakho kuzomele sisilwele leso sithunzi," kusho uRadebe.

Amazwi kaRadebe athole insika yokuzimelela ngoMgqibelo odlule ezakhe zidlulela kuma-semi final emidlalo yokuhlunga iqembu lePromotional League elizongena kuNedbank Cup ihlula iMaritzburg ngo 5-4 sekukhahlelwa amaphenathi kade bebambene ngo 1-1 emdlalweni.

Ku-semi final iSobantu izoqhuthana neKwaMashu United, ecijwa yinkakha yeBafana Bafana, uTsepo Ntsoane.

Ku-semi final yesibili kuzoqhuthana i-Island yaKwaNongoma neNatal United, ethengwe nguSenzo Sokhela waseMsinga iyiNewcastle Sicillians kuPaul Mthabela ngesizini edlule.

"Impi yasekhaya sisazoyilwa ngesikhathi sayo. Kungcono ngoba iMaritzburg ehlezi isinika umdlalo onzima sizohlangana nayo ngoFebhuwari isikhohliwe ukuthi siyishayile kuNedbank. Nakuba singayibekile emiqondweni iNedbank kodwa likhona ithuba lokudlulela phambili ngoba asiyazeli luthi iNatal," kusho uRadebe.